NGABE YINI ENYENZA
UKHETHO
OLUKHULULEKILE NOLUNOBULUNGISWA

NGABE YINI EYENZA UKHETHO LWETHU LUBE OLUKHULULEKILE NOLUNOBULUNGISWA NA?

Kunemithetho ekhona necace bha elawula izinketho

Ilungelo labantu baseNingizimu Afrika lokubamba iqhaza okhethweni olukhululekile nolunobulungiswa libalulwe kuMthethosisekelo weRiphabhlikhi yaseNingizimu Afrika. UMthetho Wokhetho (onguNo 73 ka 1998) ubalula izimiso okuyizona ezilawula ukhetho lukazwelonke nolwezifundazwe. UMthetho Wokhetho LoMasipala (onguNo 27 ka 2000) ubalula izimiso okuyizona ezilawula ukhetho lomasipala. Le mithetho iphinda futhi ibalule ukuziphatha okungekho emthethweni nokungavumelekile ngaphambi kanye nangemuva kokhetho.

Ivoti lakho ligcinwa liyimfihlo

Abavoti bangabamba iqhaza okhethweni ngaphandle kokwesaba ukuthi kungenzeka abanye abantu bazi ukuthi bavotele bani.

Ukhetho luvame ukubanjwa ngezikhathi ezifanayo njalo nje

Abantu baseNingizimu Afrika bavota okhethweni lukazwelonke kanye nolwezifundazwe kuhlanganisa nolomasipala. Ukhetho ngalunye kulezi lubanjwa njalo ngemuva kweminyaka emi-5.

Amaqembu ongakhetha kuwo

Maningi kakhulu amaqembu ezepolitiki ongakhetha kuwo. Noma wubani uvumelekile ukuthi azisungulele iqembu lakhe noma angenele ukhetho kanti futhi uvumelekile ukuthi weseke noma ujoyine ngisho nanoma yiliphi iqembu lezombusazwe kulawo akhona.

Noma ngabe ubani okubhalisele ukuvota, unelungelo lokuthi engavota

Igama lomvoti ngamunye obhalisile liyavela emqulwini wabavoti. Abavoti ababhalisile kuphela abangavota. Uma ungeke ukwazi ukuba sesifundeni okumele uvotele kuso ngosuku lokhetho ungakwazi ukufaka isicelo sokuthi uvotiswe ngokukhethekile nokukuvumela ukuthi uvotele esiteshini sangakini obhalise kuso ngaphambi kokhetho.

Uhlelo lokuvota aluchemile nohlangothi oluthile

Ukhetho luphathwa YiKhomishani Yokhetho nokuyinhlangano ezimele engekho ngaphansi kukahulumeni. Le nhlangano ayicheme naqembu lezombusazwe. Ukhetho kuba wuhlelo oluvulelekile futhi olusobala kanti akukho muntu noma iqeqebana eliba nesandla sokuthi lenze ukhetho luhambe ngendlela efunwa yilo. Amaqembu ezepolitiki kanye nabaqaphi bokhetho bayakwazi ukubheka isinyathelo nesinyathelo sohlelo lokhetho.

Omunye umugomo obaluleke kakhulu wentando yeningi esebenzayo owokuthi izakhamizi zinelungelo lokuvota ukuze zikhethe abaholi bazo. Ukuze lokhu kwenzeke, kudingeka ukuthi ukhetho kube olukhululekile nolunobulungiswa.

IKhomishana Yokhetho iphatha ukhetho lukazwelonke, olwezifundazwe kanye nolomasipala, kuhlanganisa ngisho nezinhlolovo lapha eNingizimu Afrika. Umsebenzi wayo obaluleke kakhulu ukuqinisekisa ukuthi zonke lezi zinketho zikhululekile futhi zinobulungiswa.

Kusukela ngonyaka ka 1994 zonke izinketho esezibekhona lapha eNingizimu Afrika zithathwe njengezikhululekile nezinobulungiswa ngokusho kwababambiliqhaza bakuleli kanye nabakwamanye amazwe.

IEC
SOUTH AFRICA

Amaqembu ezombusazwe kanye nalabo abangenele ukhetho bangakhankasa ngaphandle kokwesaba

Kunokuhlonishwa kwemibono yabanye abantu kanti futhi kunengxoxo eyinkulumo-mpikiswano evuleleke kumphakathi.

Wonke amaqembu ezepolitiki ayawemukela umphumela wokugcina wokhetho

Noma ubani uvumelekile ukuthi ayichithe imiphumela yokhetho. IKhomishani Yokhetho ingabe isikuphenya lokhu bese yenza isinqumo sayo. Uma kukhona noma ngabe ubani ongenelisekile ngaleso sinqumo, lowo-ke angasedlulisela eNkantolo Yokhetho leso sinqumo kanti le nkantolo yiyona-ke ekhipha zonke izinqumo ezingujuqu kuzona zonke izinto zokungaboni ngaso linye ezithinta ukhetho.

Kunendlela yokuziphatha okufanele ukuthi wonke umuntu ayilandele ngaphambi kokhetho, ngesikhathi sokhetho nangemuva kokhetho

Wonke amaqembu ezepolitiki abambe iqhaza okhethweni kumele asayine futhi emukele Indlela Yokuziphatha Ngesikhathi Sokhetho nebeka imithetho yokhetho olukhululekile nolunobulungiswa.

Phakathi kwezinye izinto, amaqembu ezepolitiki kanye nalabo abangenele ukhetho bayavuma ukuthi:

- bayolugxeka udlame lwezombusazwe kanye nokwesatshiswa kwamanye amaqembu, Kwekhomishani Yokhetho, kwamalungu omphakathi kanye nabezindaba;
- bayoxhumana nabasemagunyeni kanye namanye amaqembu ezepolitiki mayelana nezinhlelo zezepolitiki ezihleliwe;
- bayosebenzisana neKhomishani Yokhetho ukuyivumela ukuthi yenze imisebenzi yalo;
- bayoyamukela imiphumela yokhetho noma bafake inselelo ngemiphumela yokhetho enkantolo.

Akukho emthethweni ukuthi omunye umuntu:

- avimbele omunye umuntu ukuthi akhulume nabanye abavoti;
- agxambukele kwilungelo lomvoti lokuthi ivoti lakhe libe liyimfihlo uma evota;
- asebenzise ulimi olugqugquzela udlame noluvusa uhlevane;
- asabise abantu abangenele ukhetho noma abavoti;
- anikeze intshontsho omunye umuntu ukuze avotele iqembu lakhe;
- asuse noma acekele phansi amaphosta amaqembu;
- agwazele noma ayenge Isikhulu Sekhomishana Yokhetho ngenkathi senza umsebenzi waso;
- avimbele Ikhomishana Yokhetho ekwenzeni imisebenzi yayo ekuphathweni kokhetho.

UMA NOMA NGABE UBANI OPHULA UMTHETHO OLAWULA UKHETHO, LOWO MUNTU ANGAHLAWULISWA NOMA AGQUNYWE EJELE ISIKHATHI ESINGAYE SIFINYELELE KWIMINYAKA EYISHUMI. AMAQEMBU EZOMBUSAZWE APHULA LE MITHETHO ANGAHLAWULISWA AMISWE FUTHI NOKUTHI ANGAPHINDE ASEBENZE KULEYO NDAWO. LAWO MAQEMBU FUTHI ANGEPHUCWA NGISHO NAMAVOTI AWO.

Okumayelana NeKhomishani Yokhetho

IKhomishani Yokhetho yisikhungo esizimele, esinobulungiswa nesakhiwe ngokweSahluko 9 soMthethosisekelo. IKhomishani iphatha ukhetho lukazwelonke, olwezifundazwe kanye nolomasipala. Iqinisekisa ukuthi lezi zinketho zithembakele, zikhululekile futhi zinobulungiswa.

Ihhovisi Likazwelonke

Ucingo: 012 622 5700
info@elections.org.za
www.elections.org.za
Isikhungo Sezingcingo: 0800 11 8000 (uma kunokhetho)

Silandele lapha:

Xhumana Namahhovisi Ezifundazwe

EMpumalanga Kapa:	043 709 4200
EFreyistata:	051 401 5000
EGauteng:	011 644 7400
KwaZulu-Natali:	031 279 2200
ELimpopo:	015 283 9100
EMpumalanga:	013 762 0640
ENyakatho Ntshonalanga:	018 391 0800/5
ENyakatho Kapa:	053 838 5000
ENtshonalanga Kapa:	021 910 5700

isiZulu